



# INGEDE

Jan 2017, Vol. 20, No.1

## UKUVUTHISWA KOMOBA (PurEst™)

### Ubuchwepheshe obusha beSikhungo soCwaningo lukaMoba

 *Ibhalwe ngu: Nathi Hlongwa*



Sekunobuchwepheshe obusha obusungulwe yilesi sikhungo (SASRI) obuzotholakala komakhal'ekhukhwini abaziwa ngama-Smart phones. Umlimi usezokwazi esensimini yakhe ukuthi kufanele yini asebenzise isivuthwisi noma cha. Lokhu angakwazi ngokubheka izincomo ezisuselwa kwimiphumela etholakala emshinini wokuhlola ukuvuthwa komoba obizwa ngokuthi yi-Refractometer.

Lo mshini ufunda okusaShukela nokungenaShukela (Brix%) kuketshezi olusogoqweni lomoba. I-PurEst™ App okunye esiza ngakho isekuthatheni isinqumo sokuthi unganqamula nini ukunisela/chelela nanokuthi


ungawuhlala nini umoba wakho. Iphinde ikusize ohlelweni lokuhlala nakuhlobo lwesivuthwisi okumele usisebenzise. Ngalolu lwazi umlimi engakwazi ukuhambisa umoba onobushukela obuphezulu (RV%).

I-PurEst™ App uyithola ngoba uwumlimi onekota lomoba kube ufaka umoba wakho esigayweni esithize. Udinga ukuba ne-Refractometer nokho ezinye izikhungo njengezigayo ziyabolekisa ngayo noma uzithengele eyakho uma amandla ekhona. Uma udinga ulwazi oluthe xaxa/thuthu ungathintana noMeluleki wakho wakwa-SASRI oseduzane nawe.

### OKUQUKETHWE



**Zihlele Mlimi:** Yazizukuthi udingani, nini uhlele kusanekhathi ukuze ugweme ukutatazela.



**Qaphela:** Isihlava esisha (Longhorn) kanye noMabalabala



**Ukhula:** Ikona kuphi okulungele insimu yakho (ukufutha izibulala-khula nokuhlakulwa kokhula)



**Siyabonga:** kubo bonke abafunda iphephabhuku lethu, zitholele ikhalenda lakho elivela isikhungweni.





# Ukuzilungiselela ukuvulwa kwesigayo somoba

*Ibhalwe ngu: Thulani Masondo*

Njengomlimi kubalulekile ukuthi ngaphambi kokuthi isigayo/umshini womoba uvule ube usuzilungiselele ngenselelo yomsebenzi osuke uzobhekana nayo. Kumele sizilungiselele ukuze umsebenzi uhambe kahle, ukuze sigweme ukulahlekelwa imali obekumele ngabe siyayithola nokufa kwamasi.

***Nazi izinto okumele siziqaphele noma sizilungise ngaphambi kokuvulwa kwesigayo.***

### **1. Akha uhlelo lokusebenza**

Wonke umsebenzi uqala ngokuthi kwenziwe uhlelo lokuthi uzowenza kanjani, nini kanye nezinto ozozidinga zomsebenzi. Umsebenzi udinga ukuthi kube nezinsiza kusebenza ukuze uhambe kahle. Uhlelo lomsebenzi silwenza ngoba izinto zokwenza umsebenzi imvamisa ziyingcosana; njengendawo esiyilimayo, ukutholakala kwabasebenzi kanye nemali yokwenza umsebenzi.

**Ngaphansi kwalolu hlelo lwakho lomsebenzi kumele wazi lokhu okulandelayo:**

- Isikhathi sokuvuthwa komoba.
- Usuku ozohlaha ngalo.
- Indlela yokuhlaha ozolandelanisa amasimu ngayo.
- Izinhlalo zensimu ngensimu okumele zenziwe.
- Uhlelo lokuthi insimu ngayinye izodingani (izinto ezinjengalezi:- umuthi wokubulala ukhula, inani nohlobo lukamanyolo, inani lezisebenzi kanye nokunye okuningi...).
- Izinhlalo zosuku, zesonto, zenyanga kanye nezonyaka wonke.

### **2. Enza izilinganiso zomoba (cane estimates)**

Umlimi kumele enze izilinganiso ukuze azihambise esigayweni. Bazomnika ubungako bamathani okumele awafake esigayweni usuku nosuku kuze kuphele inkathi yokuhlaha. Uma wenze izilinganiso okungeyizo ungathola umoba wakho ungasangeni esigayweni. Iphutha ensimini linomthelela kwintengo kashukela.

<b>SASRI PROGRAMME PLANNER</b>												SOUTH AFRICAN SUGARCANE RESEARCH INSTITUTE																																																
FIELD DETAILS												170 Barends Drive, Mount Edgecombe, KwaZulu-Natal Private Bag 9032, Mount Edgecombe, 4100 Tel: 031-508 8400 Fax: 031-508 7557 Email: <a href="mailto:info@sasri.org.za">info@sasri.org.za</a> Website: <a href="http://www.sasri.org.za">www.sasri.org.za</a>																																																
TRACTS	FEBRUARY			MARCH			APRIL			MAY			JUNE			JULY			AUGUST			SEPTEMBER			OCTOBER			NOVEMBER			DECEMBER			JANUARY			FEBRUARY			MARCH																				
	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5	1	2	3	4	5

### **3. Indlela yokuhlaha okumele ulandele ngayo amasimu**

**Uma uzohlaha kumele ube nohlelo ozolulandela ngoba kunamasimu okumele uwaphumise kuqala. Landela lendlela:-**

- Umoba omdala noma ovuthwe ngokwanele.
- Amasimu ahlaselwe yisihlava.
- Amasimu ayitshalo.
- Amasimu adinga ukulungiselelwa ukungami kwamanzi.
- Amasimu asemfundeni.
- Amasimu ashawe yisithathwa, umoba owe phansi noma oshawe yisomiso.
- Amasimu amahle.
- Amasimu asemancane.

### **4. Thola usonkontileka ozokusiza**

Thola usonkontileka ozokuhlaha kusenesikhathi. Yenzani isivumelwano esisayindwe phansi, usonkontileka kumele aqinisekise ukuthi imishini yakhe ikulungele ukusebenza, izisebenzi zikhona kanye nemali yokusebenza ikhona.

Umlimi uma ezozihlala yena kumele ahlele izisebenzi zokuhlaha kusenesikhathi esanele. Ngasosonke isikhathi umsebenzi wokuhlaha kumele kubekhona ukubambisana phakathi komlimi, usihlalo wabalimi, isigayo, ikomidi lokuhlaha nonobhala walo kanye nabeluleki bezolimo.

**Njengomlimi qikelela ukuthi umoba wakho oshisiwe akupheli izinsuku ezingaphezu kwezintathu ungangenile esigayweni.**

**Uma nje uqeda ukuhlaha, susa izidindi ensimini yakho bese uhlakaza upayi noma ulapayi. Futha insimu ngezibulala-khula ufake isikhuthaza khaba lingakapheli isonto uhlahlile.**



# Isixwayiso kuBalimi ngesibungu esisha esitholakele emobeni esibizwa nge-Longhorn Stem Borer




Qaphela



La kunamabala omoba ogqagqene, siphula amasinde omoba akhombisa ukufa bese ubheka imigodi elinganiselwa ku-3cm ngaphansi kwisinde lomoba.



Emgodini osesindeni lomoba bheka isibungu esinjenga lesi esingenhla esisongene esiphuzi, esinekhanda elinsundu ngombala.



Klaya ugoqo lomoba phakathi ukusuka esinqeni somoba indawo engango 20 -30 cm uyephezulu ubheke isibungu esilinganiselwa ku 4 - 8 cm ubude.



Imigudu yalesibungu mikhulu kunalena yesihlava (eldana), kanti azikho izimbobo eziphumela ngaphandle ogoqweni lomoba.



Qaphela

## Sewuke wahlangabezana nalolu hlobo loMabalabala



**Orange Rust (*Puccinia kuehnii*)**

- Isifo esingakabonakali eNingizimu ne-Afrika.
- Lolu hlobo lomabalabala lutholakala kakhulu uma isimo sezulu somile kufudumele.
- Imvamisa itholakala emobeni osukhulile (onezinyanga ezingaphezu kwezinyanga eziyisithupha).



**Brown Rust (*Puccinia melanocephala*)**

- Isifo esesitholakele eNingizimu ne-Afrika.
- Lolu hlobo lomabalabala lutholakala kakhulu uma ubusuku bupholile kukade kufudumele emini.
- Imvamisa itholakala emobeni osemncane (ongaphansi kwezinyanga eziyisithupha).



**Tawny Rust (*Macruropyxis fulva* sp.nov)**

- Isifo esisha eNingizimu ne-Afrika.
- Lolu hlobo lomabalabala lubonakala ngathi lutholakala kakhulu uma kupholile futhi kunomswakama.
- Itholakala emobeni omncane nomdala.

Izimpawu ongabona ngazo

**Amabala:** anombala osawolintshi, obomvu sakuba nsundu, angafinyelela ku-4mm ngobude, atholakala kakhulu phansi kweqabunga.

**\*\*Spores:** anombala ofana newolintshi uma esamasha, imvamisa atholakala ngaphansi emaqabungeni.

**Amabala:** ansundu ngombala, angafinyelela ku-20mm ngobude, atholakala kakhulu ngasesihlokweni seqabunga.

**\*\*Spores:** ansundu uma esamasha, imvamisa atholakala ngaphansi emaqabungeni.

**Amabala:** anombala osawolintshi, obomvu sakuba nsundu, angafinyelela ku-20mm ngobude, atholakala kakhulu ngasesihlokweni seqabunga.

**\*\*Spores:** anombala ofana newolintshi uma esamasha, ayinqwaba/maningi, imvamisa atholakala ngaphansi nangaphezulu kweqabunga.

\*\*Spores – into ethi ayifane nesikhunta esitholakala uma isinkwa sesonakala



# Uyaluhlakula noma uyalufutha ukhula?

 Ibhalwe ngu: W.A. Gillespie

Balimi kumele sigcine amasimu ehlanzekile engenalo ukhula. Lokhu singakwenza ngokuhlakula noma sisebenzise izibulala-khula. Umlimi ulahlekelwa isivuno ngokungayinakekeli insimu. Kubalulekile ukuhlakula nokufaka izibulala-khula ngendlela eyiyo. Ukubulala ukhula ngendlela efanele kwenza uthole isivuno esifanele uthole nenzuzo enkulu.

Ukhula uma ungalubulali luncintisana nomoba ngemisoco, indawo, umsokama kanye nelanga kugcine kwehla isivuno. Olunye lukhiqiza ubuthi obuyingozi emobeni.

**Ukubulala ukhula kungenziwa ngenye yalezi zindlela:**

1. *Ukuhlakula ngezandla*
2. *Ukufutha ukhula ngezibulala-khula*
3. *Ukubulala ukhula ngazo zombili izindlela ukufutha kanye nokuhlakula*

Izindlela ezejwayelekile zokubulala ukhula emasimini kubalimi abalima ngokuncane kuba ukuhlakula kanye nokusebenzisa izibulala-khula. Ukuhlakula ilapho usuke usebenzisa igeja ukususa ukhula kanti ukusebenzisa izibulala-khula ilapho ulifutha khona ngemithi. Inhloso yabeluleki ukuthi abalimi abalima ngokuncane bagcine bebulala ukhula besebenzisa izibulala-khula. Ukufutha kushibhile, kuyashesha insimu ihlala ihlanzekile isikhathi eside. Ukuhlakula kuthatha isikhathi eside uthi uyoqeda olungemuva lube lumila, olunye luyagqibeka luphinde luhlume.

**Isibonelo:**

*Isilinganiso senani lentengo ye-RV: R 4995.63. Isilinganiso sesivuno esilinganiselwa emathanini ayi-100 ngehheka, isilinganiso sikashukela emobeni 12.5% RV ungathola inzuzo elinganiselwa ku-R62 445.38. Kuyacaca ngokusobala kuletafula elingenzansi ukuthi izibulala-khula zihamba phambili.*

## Ukusebenzisa izibulala-khula (imithi) kanye nezandla/negeja

Izindleko zemithi yokufutha sekuxubene nezindleko zesifutho	Inani lezindleko uma ungahlakuli ngezandla/igeja
R 2763. 51	R 1290. 00
<b>R 4 053.51</b>	
<b>R62 445.38 – R4 053.51 = R58 391.87</b>	



Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwanningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqokethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisetshenziswe.



## Ukuhlakula ngezandla/amageja

Ukuhlakula ngezandla/igeja

R 12900. 00

**R12 900.00**

**R62 445.38 – R12 900.00 = R49 545.38**

*Uma uhlakula ngezandla, ukhula luzolokhu lukhula okwenza ugcine wehlelwe yisivuno sakho. Uma singenza isilinganiso sokuthi isivuno sakho sehle ngokuyingxenye elinganiselwa kuma-20%, lokhu kungaba nomthelela wokulahlekelwa yimali eyizi-R12 489.08*



Uma sesigoqa singasho ukuthi ukusetshenziswa kwemithi yokubulala ukhula kuyazehlisa izindleko zokuhlakula uma uqhathanisa nokuhlakula ngegeja. Ngakho-ke ukusebenzisa imithi kanye nokuhlakula ngezandla kwehlisa izindleko kunokuthi uhlakule ngezandla kuphela.

Ulwazi noqeqesho lokulwa nokhula lubalulekile kakhulu, uma ungenalo uludinga ungaxhumana noMeluleki wakho woMnyango weZolimo (DARD) noma owasesikhungweni sezoCwanningo Lomoba (SASRI). Uqeqesho ungakwazi ukuluthola ngezifundo ezisuke zihleliwe noma ngokuba yingxenye yezinsuku zabalimi lezi ezisuke zihleliwe ngaBeluleki beZolimo. Ukuba nolwazi uma ungumlimi kungakwenza ube sethubeni elihle lokulwa nokhula emasimini akho.

## ABADIDIYELI

Nqobile Nxumalo, Nathi Nxumalo, Patrick Ngcobo, Sifiso Hlela, Thulani Masondo & Wayne Mthembu (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

**Imibono nemibuzo:** Nqobile Nxumalo: 031 508 7511

Email: [Nqobile.nxumalo@sugar.org.za](mailto:Nqobile.nxumalo@sugar.org.za)